Kuyinhloso yalo Mhlahlandlela ukuzinzisa imizamo kaMasipala waseThekwini yokuguqula umnotho waseThekwini. Ngimema bonke abathintekayo ukuba basebenzisane nathi ukuphucula impilo yezakhamizi zaseThekwini.

Ngo-2030 iTheku liyobe lingu ngqa phambili.





UKHANSELA MONDLI MTHEMBU

USIHLALO WEKOMIDI LEZOKUHLALISWA KWABANTU NENGOQALASIZINDA



**SESIHAMBE IBANGA ELIDE EZINHLELWENI
ZETHU ZOKUSHINTSHA ISIMO
SEZOMNOTHO SENINGI LABANTU BAKITHI.**



NGENHLOSO yokulandela uhlelo lukahulumeni lokuletha izinguquko ezinqala kwezomnotho nokuphamba amathuba emisebenzi, siyaziqhenya namuhla njengeDolobha eseliwine inqwaba yezindondo ngokwethula leli su eliyinqayizivele olokuletha izinguquko ezinqala kwezomnotho (iRETP).

Isu lesibili loHlelo Oludidiyele Lwentuthuko (i-IDP) likhuluma 'ngokwakha umnotho oqhakazile, nosabalele nokudala amathuba emisebenzi' kanti iDolobha seliqale amasu nezinhlelo kanjalo nemihlahlandlela yokufezekisa le njongo. Enye yezinhloso zaleli su wukusheshisa ukudalwa kwamathuba emisebenzi, ukweseka amabhizinisi amancane, nokufukula intsha abesifazane nabantu bakhubazekile kwezamabhizinisi nokuthuthukiswa umphakathi.

Omunye wemibandela ebalulekile kumhlahlandlela weRETP yilowo othi wonke amaphrojekthi enani elingaphezu kuka R30 million kumele abeke eceleni isamba samaphesenti angu-30 ezimalini zephrojekthi ukuhlomulisa umphakathi wendawo okusebenza kuyona iphrojekthi ngokucaza umsebenzi, ukuncozulela osonkontileka abancane, ama-joint venture, ukudala amathuba emisebenzi, ukuthenga impahla yokusebenza endaweni nokuqeqesha abantu ngamakhono.

NjengoSihlalo weKomidi LezokuHlaliswa kwabantu neNgqalasisinda ngijutshwe ukuba ngihlele futhi ngiqale uhlelo lwesikhathi eside oluzokhulula abantu bakithi ebubheni kanti lokhu kuzofezekisa khona kanye lokho. Sesivele sihambe ibanga elide ezinhlelweni zethu zokushintsha isimo sezomnotho seningi labantu bakithi. Ngenhloso yokufezekisa lokhu, uMasipala unikeze ama-cooperatives angaphezu kuka 550 umsebenzi wokuhlaza amabhilidi kaMasipala, ukusika utshani, ukuhlaza imihosha namapayipi amanzi angcolile nokubulala ukhula, okungumsebenzi weminyaka emithathu.

Ngaphezu kwalokho iDolobha selihambe ibanga elibonakalayo ekusimamiseni nasekunikezeni umsebenzi amabhizinisi aphelele yintsha nabesifazane. Abalelwa

ku 2025 amaphrojekthi anikezwe uhlelo lwePriority Businesses Enterprises, angu 2474 anikezwe olweBlack Business Enterprise kanti angu 1457 anikezwe iWomen Business Enterprise kusukela ngonyaka wezimali ka 2015/16.

Lokhu kukodwa kukhombisa ukuzimisela kwethu ukufukula amabhizinisi amancane ukuze akwazi ukukhula angahlali emancane ingunaphakathe. Sifuna futhi ukuba yisibonelo ngokuqasha osomabhizinisi abasafufusa ukuze bakwazi ukuthola isipiliyoni abasidingayo sokubhidela imisebenzi emikhulu.

Eminye imigomo ekhona kulo mhlahlandlela iphinde ibheke ukuqinisekisa ukuthi osonkontileka abancane noma abahlinzeka ngamasevisi kumele bakhethwe emawadini abo lapho kuqhubeka khona iphrojekthi ukuze kuhlomule isibalo esikhulu sabantu nokuthi kuphele umqondo wokuthi kuhlomula kuphela "idlanzana elinolayini" kuMasipala.

Lokhu kuzokwenziwa ngokuthi uMnyango wakwaSupply Chain Management ugcine idathabhese yosonkontileka basemawadini ezohlale ivuselelwa minyaka yonke.

Kuzoba nemigomo eqinile yokuqinisekisa ukuthi lokhu kuyalandelwa futhi kuhlomulisa bonke abafanele ukuhlomula.

Izimo zamanje zezomnotho esezikhombise ukungazinzi isikhathi eside ziyasiphoqa ukuthi sisebenze nakakhulu ukuqinisekisa ukuthi siphucula impilo yabantu bakithi.

Kunamaphrojekthi amaningi esinawo esiwahlelele lo nyaka esineqiniso lokuthi azohlomulisa inqwaba yamabhizinisi aphinde abhekelele ukushoda kwamakhono kodwa sibone kufanele ukuba siqale ngokuqinisa izinhlelo zethu zokukhishwa kwamathenda ngokuthi sethule lo mhlahlandlela ozokhomba indlela okumele ilandelwe ukuze kuhlomule wonke umuntu.

Angeke siphumule kuze kube sikhulula impilo yabantu bakithi emaketangweni obubha, ekuncishekeni amathuba futhi siqeda ukungalingani.

Ngo-2030 iTheku liyobe lingu ngqa phambili.





ISINGENISO

UMthethosisekelo weRiphabhlikhi yaseNingizimu Afrika kwisahluko 7, umusho 152, uyalela uMasipala (uhulumeni wasekhaya) ukuba phakathi kokunye:

- uqinisekise ukuthi kuhlinzekwa imiphakathi ngamasevisi ngendlela enozinzo;
- ukhuthaze ukuthuthukiswa komphakathi kwezomnotho nangokwenhlalo; futhi
- ukhuthaze ukubamba iqhaza komphakathi nezinhlangano zomphakathi ezindabeni ezithinta uhulumeni basekhaya.

Ukuhlinzekwa kwamasevisi kungaba nozinzo kuphela uma kubhekelelwa ngokulingana imvelo, inhlalakahle kanjalo nezimo zomnotho emphakathini. Yingakho-ke kubalulekile ukuthi uMasipala uhlelele ukuqaliswa kwezinhlelo zokuthuthukiswa komnotho emphakathini ngokusungula izinqubomgomo, izinhlelo zokulawula ukukhishwa kwamthenda, amathuba emisebenzi, ukwakhiwa kwengqalasizinda nezinye izinhlelo zentuthuko.

Umusho 153 ubeka uthi, “uMasipala kumele ubambe iqhaza ezinhlelweni zentuthuko zikazwelonke nezefundazwe”. Lokhu kubandakanya izinhlelo zokuthuthukisa umphakathi kwezomnotho eziqalwa nguhulumeni kazwelonke nowesifundazwe. Injongo yalo musho ukuqinisekisa ukuthi kunobambiswano nokusebenzisana ezinhlelweni zokuthuthukiswa komnotho ezingeni lohulumeni basekhaya. UMthetho Wezinhlelo Zomasipala njengoba udinga ukuba kusungulwe uHlelo Oludidiyele Lwentuthuko (IDP) usakhuthaza wona umoya wokuba kubhekwane nentuthuko ngendlela edidiyele ezingeni likamasipala. Ngakho-ke lokhu kusho ukuthi imisebenzi eyenziwa emazingeni ehlukehlukena kahulumeni nezinhlaka zombuso kumele ididiyelwe ngokwezindawo, ngokwezomnotho futhi umthelela wayo nemihlomulo yakhona emphakathini kumele ibonwe yiwona wonke umuntu. Ngakho-ke injongo ngokuthi izinhlelo zokuthuthukisa umphakathi kwezomnotho ezenziwa wuhlaka lombuso kumele zididiyelwe ngendlela ehambisanayo nezinhlelo ezenziwa ngezinye izinhlaka zombuso.

UKUTHUTHUKA KWEZOMNOTHO

Miningi imithetho ekhuthaza ukuba umasipala uweseke mathupha noma ngandlela thile, uwaqhakambise futhi uwakhulise amabhizinisi amancane okungawabamnyama

(SMMEs) ikakhulukazi lawo asungulwa yintsha, abesifazane, nabantu abakhubazekile futhi kuqinisekiswa ukuthi lawa mabhizinisi abamba iqhaza elibonakalayo kwezomnotho. KuMasipala waseThekwini ziningi izinhlelo eziqalwe noma ezihlongozwayo zentuthuko.

Izinhlelo zentuthuko;

- Ukuthuthukiswa kwemikhakha ethile nezimbongi, njengamabhizinisi amancane, amabhizinisi abesifazane nokuthuthukiswa kwezimbongi.
- Ukuthuthukiswa kosonkontileka abasakhasa babe ngosonkontileka abakhulu.
- Ukuthuthukiswa nokuhlonyiswa ngamakhono kwamabhizinisi amancane.
- Ukuthuthukiswa komnotho wedolobha.
- Ukudalwa kwamathuba emisebenzi.
- Ukulwa nobubha.
- Yintuthuko egxile emphakathini.

Kulezi zindlela noma kulawa masu, osomabhizinisi abancane bangakwazi ukuba basondezwe ezinhlelweni zentuthuko kwezomnotho ngamaCPG, ukusebenzisana, wukwakha umbimbi, yizinhlelo ze-EPWP nezinye izinhlelo zokucathuliswa zemikhakha ehlukena.

Izinhlelo zokusimamiswa kumele ziqhutshwe ngaphansi kwemigomo:

- Yesigaba 217 soMthethosisekelo
- Yomthetho wokuphathwa kwezimali zomasipala
- Yomhlahlandlela weNqubomgomo yokukhishwa kwemisebenzi ngokubonelela
- Yomthetho Wokufukulwa Kwabamnyama Kwezomnotho (BBEE)
- Ngokwenqubo Yokusebenza Okuhle yeBEE, izinqubo zokusebenza okuhle, nokukhishwa ngokulingana kwemisebenzi.

INHLOSO YALO MHLAHLANDLELA

Inhloso yalo mhlahlandlela ukuba ngumkhombandlela wokulawula abasebenzi bakamasipala nezinye izinhlaka zombuso ezisebenza ngaphansi kukamasipala waseThekwini; ekutheni bangalifaka kanjani igalelo ezinhlelweni zokuthuthukiswa komphakathi kwezomnotho ngendlela enenzuzo nenemiphumela emihle.

Lo mhlahlandlela uhlose ukwethula izinhlelo zokuxhumana nokubika, izinhlobo zokuthuthukiswa komphakathi kwezomnotho, ukudidiyelwa ndawonye kwemisebenzi



ezokwenziwa, izindlela zokubona amathuba, wuhlobo lwabantu ababhekwe ukuthuthukiswa nezindawo abahlala kuzo kanjalo namathuba okusebenzisana nokubambisana nezinye izinhlela.

ISENDLALELO

Amazinga okusweleka kwemisebenzi kuMasipala waseThekwini aphezulu ngempela njengoba iningi lentsha yethu lingaqashiwe ndawo. Uhulumeni kazwelonke kanjalo nowesifundazwe babona ububha njengenye yezinselelo ezidinga ukuba kulwiwe nazo ngokuthi kudalwe amathuba emisebenzi futhi kusungulwe amabhizinisi amancane. Ukuthuthukiswa kwengqalasizinda ngomunye wemigogodla ebalulekile engakwazi ukusimamisa umnotho.

Kule minyaka emithathu edlule, kwandile ukukhononda ngokungabi khona kwezinhlelo ezibambekayo zokuthuthukiswa komphakathi kwezomnotho kuMasipala waseThekwini. Okukhathaza kakhulu ukuthi izakhamuzi azihlomuli kwezomnotho ngamaphrojekthi okwakhiwa kwengqalasizinda aqhubekayo emawadini azo. Ukuvinjwa kwalawa maphrojekthi yikhona okudale ukuthi kube nokusilela ekuhlinzekweni kwamasevisi emphakathini, kwande nezindleko zokuphuthula lawa maphrojekthi futhi kungahlelwa kahle amanye amaphrojekthi ahambisana nawo.

UMasipala unezinhlalo eziningi ezihlose ukudala amathuba kubantu emphakathini ezibandakanya uhlelo lweVukuphile nolwe-EPWP. Kodwa-ke alikakabonakali ngokugqamile igalelo lalezi zinhlelo ngenxa yokushoda kolwazi nokukhalingywa ekutheni kumele ziqhubeka kanjani. Lo mbhalo ke uhlose ukwethula imikhomandlela ecacile yokubhekana nalokhu nokuqinisekisa ukuthi ukuthuthukiswa komphakathi kwezomnotho ngamaphrojekthi kuyaqhubeka kumasipala.

Ngemuva koKhetho lwango-Agasti 2016, iMeya ibeke phambili ukudalwa kwamathuba emisebenzi, ukwesekwa

kwamabhizinisi amancane nokuthuthukiswa komphakathi njengezinjongo eziseqhulwini kuleli hlandla leminyaka emihlanu ezayo. IMeya ithe iyakhathaza kakhulu indaba yamazanga aphezulu abantu abeswele imisebenzi ikakhulukazi intsha, abantu abakhubazekile nabesifazane. IMeya ibe isihlonza lezi zinselelo ebona zibhekene nezakhamuzi zikaMasipala waseThekwini (EMA):

- Isidingo sokuba kulwiwe nobubha
- Ukusheshiswa kokuhlinzekwa kwezidingo
- Ukuphazamiseka kwamaphrojekthi
- Ukuthuthukiswa kwamakhono
- Yizinto ezivimbela ukungena kwabantu kwezomnotho
- Ukushoda kwamakhono
- Amadlelandawonye angogombela
- Ukungasheshi kwezinguquko kwezomnotho

IZIDINGO EZINGOKWENQUBOMGOMO

Izinguquko/Ukuthuthukiswa komnotho kuyingxenye yoMhlahlandlela Woguquko Lwezomnotho obanzi okudingeka ukuba wemukelwe nguMasipala. Ukubuyekeza kweMithethonqubo ye-PPFA okumele iqale ukusebenza mhla ka 01 Ephreli 2017.

UMthethosivivinyo omusha Wohlelo Lokulawula Ukukhishwa Kwamathenda (SCM) nawo uyalungiswa kumanje kanti lokhu kungase kube nomthelela kulezo ziphakamiso ezethulwe kulo mbhalo.

Amaphuzu ayisihlanu e-BBBEE okumele abhekelelwe uma kuqalwa izinhlelo zokuthuthukisa umphakathi kwezomnotho yilawa;

- Ubunikazi.
- Ukulawula Ukuphatha.
- Ukuthuthukiswa Kwamakhono.
- Ukuthuthukiswa kwamabhizinisi nabahlinzeka amasevisi.
- Ukuthuthukisa umphakathi kwezomnotho.

AMASU OKUSIMAMA

Amasu okusimama kumele akhiwe ahambisane nale migomo ebanzi elandelayo:

- a) Wonke amaphrojekthi anezinkontileka zenani elingaphezu kuka-R30 million kumele abeke eceleni isamba esingu-30% samaphrojekthi e-CPG. Lokhu kuzoba ngumbandela wamathenda njengoba kubekwe emushweni 5.4 walo mbhalo.
- b) Amaphrojekthi enani eliphakathi kuka R5 million no R30 million kumele abeke eceleni isamba sika 30% somsebenzi ozonikezwa osonkontileka abancane. Lokhu ngeke kube ngumbandela wethenda kodwa kuzoba yisidingo futhi izinkampani ezehlulekayo ukuhlangabezana nakho ziyohlawuliswa.
- c) Izinkampani ezincane noma abahlinzeka izidingo kumele bakhethwe emawadini lapho kuqhubeka khona lawo maphrojekthi. Uma iphrojethi inqamula kumawadi amaningi ehlukeno kumele amathuba atholwe yibona bonke osonkontileka abancane abakulawo mawadi athintekayo kusukela ekuqaleni kwephrojekthi kungakhathaleki ukuthi iphrojethi leyo isikusiphi isigaba.
- d) Uma kwenzeka kungabi khona osonkontileka

abakwazi ukwenza unsebenzi kuleyo wadi, kumele usonkontileka omkhulu owengamele umsebenzi akhethe osonkontileka abancane basemaWadinini angaphansi kohlelo lweVukuphile noma abavela kwidathabhesi yamabhizinisi ahlinzeka umasipala. Kodwa uma kwenzeka kungabi khona sonkontileka oqhamuka kuleyo wadi, usonkontileka omkhulu unelungelo lokukhetha noma imuphi omunye usonkontileka omncane wakumasipala waseThekwini.

- e) Osonkontileka abancane abayothola isabelomali esilingana no 30% wethenda kumele baqokwe ngusonkontileka omkhulu ohlwini lwedathabhesi kamasipala esigabeni sokukhishwa kwethenda noma baqokwe ngumasipala uma sekwenziwe konke ukuhlola ukuqinisekisa ukuthi akukhethwa amabala, akukho ukwenzelela futhi izinto zibekwa obala.
- f) USonkontileka omkhulu kulindeleke ukuthi aqeqeshe osonkontileka abancane. Ukuqeqeshwa nokufundiswa umsebenzi kumele kwenze ukuthi usonkontileka omncane akwazi ukufaka isicelo sokukhushulelwa i-CIDB yakhe ezingeni elilandelayo uma sekuphuthulwe umsebenzi obewenziwa noma akwazi ukubhalisa ohlakeni noma kwiBhodi efanele elawula lolo hlobo lomsebenzi.
- g) Osonkontileka abancane abaqokiwe UMasipala angaqoka osonkontileka abancane abazosebenza ngaphansi kukasonkontileka omkhulu noma kohlinzeka amasevisi kumasipala ezingeni lokukhishwa kwethenda okumele kube nguyena obhekelela izinga olomsebenzi lalabo sonkontileka abancane abangaphansi kwakhe. Usonkontileka omncane kuyokhethwa kwidathabhesi yosonkontileka abancane yewadi noma kwidathabhesi yosonkontileka beVukuphile.
- h) Idathabhesi IYuniti yakwaSupply Chain Management kumele ibe nedathabhesi yosonkontileka abancane basemawadinini noma abahlinzeka amasevisi okumele ivuselelwe njalo ngonyaka ngesikhangiso kwabezindaba, emabhodini ezaziso kanye nakwi-inthanethi. AmaKhansela AmaWadi angaziswa ngezikhangiso ukuze akwazi ukusabalalisa umsebenzi ngamathenda emphakathini. Ezinye izinhlobo zombuso zingayisebenzisa le dathabhesi.
- i) Ukudidiyelwa Ukuthuthukiswa komnotho okuhlelwayo nokwenziwayo emphakathini yizona zonke izinhlobo zombuso nabanye ababambe iqhaza kuMasipala waseThekwini kumele kubikwe eMnyangweni wakwaSupply Chain Management ukuze kudidiyelwe ndawonye futhi kwabelwane ngalolo lwazi.
- j) Ukuxhumana Konke ukuxhumana okuphathelele nezinhlelo zokuthuthukiswa komphakathi kumele kwenziwe

ngokusebenzisa iHhovisi leNhlolo yakwa-Economic Development lapho kuyomele isheshise ukusiza lowo muntu okukhulunywa ngaye. Kumele kugwenywe ukuxhumana phakathi kweziNhlaka zoMbuso namalungu omphakathi noma namaqeqebana abantu emphakathini.

UHLELO LOKUCAZWA KWEMISEBENZI

Ukucazwa kwezinhlelo namaphrojekthi kuveza ithuba lokuthi babe baningi abantu namabhizinisi abahlomulayo emphakathini. Lokhu kungasukela kulabo abasebenza ezingeni eliphansi labasebenzi kuya kulabo abasebenza ezingeni eliphezulu njengosonkontileka abakhulu noma abahlinzeka ngezinsiza zokusebenza.

Ukusetshenziswa kwalolu hlelo lokuthengwa kwempahla oluhlosiwe kwenza ukuthi izinkontileka zikwazi ukucazwa ngezindlela eziningi, kanje:

- Ukuthengwa kwempahla ngamasevisi ngomthamo omncane
- Ukubophezela osonkontileka abakhulu noma abahlinzeka amasevisi ukuba basebenzisane namabhizinisi athile uma sebenza imisebenzi ephathelene nezinkontileka zabo ngokwemisebenzi ezokwenziwa
- Ukwenza ukuthi kube nokuhlanganyela phakathi kwamabhizinisi amakhulu nosomabhizinisi abancane abahlosiwe (okubizwa ngeStructured Joint Venture);
- Ngokunikeza ithuba amabhizinisi amancane lokuba athole ukwesekwa uma engakakwazi ukusebenza njengamabhizinisi amakhulu (okwaziwa ngamaDevelopment Contracts);
- Ukukhuthaza amabhizinisi amakhulu aphele umsebezi ukuba asize amabhizinisi amancane;
- Nokucela abakhiqizi ukuba bathenge ingxenye yemikhiqizo yabo emabhizinisini abakhiqizi abancane aseThekwini.

UKWESEKWA KWABANTU ABAHLOSIWE

Ukuba nezinhlelo ezeseka nezisimamisa amabhizinisi aphele ngabantu ababuthaka abaziwa nge-PPG ikakhulukazi intsha, abesifazane nabakhubazekile, namashosha asathatha umhlalaphansi, njll.

Inqubomgomo yeSCM ithi uMasipala waseThekwini ungaqala uhlelo lokuthengwa kwempahla oluhlangukisa;

- (a) imikhakha ethile ebekwa phambili uma kukhishwa izinkontileka; futhi
- (b) oluvikela noma olulekelela abantu noma uhlobo lwabantu ababandlululekile ngendlela engafanele.

Lezi zinhlelo zibandakanya, phakathi kokunye, lezi ezilandelayo:

- Uhlelo Lokucathuliswa/Lokuthuthukiswa kosonkontileka lwe-EPWP
- uhlelo losonkontileka lweCPG olugxile emawadinini noma ezindaweni ezithile
- Umbimbi lwamabhizinisi noma amaJoint Venture
- Ukusetshenziswa kosonkontileka abancane nokuthuthukiswa kosonkontileka/kwabahlinzeka ngamasevisi emikhakheni noma ezinhlelweni ezingenabo abantu abaningi bebala noma abangamelelekile kuzona.
- Abasebenzi abanamakhono noma abangenawo amakhono (Abathathwa emawadinini)

- Izinhlelo zokucathulisa zemikhakha ethile
- AmaCo-operatives

IZINHLELO ZOKUTHUTHUKISA NOMA ZOKUCATHULISA OSONKONTILEKA BE-EPWP

- Ukudalula uthando lokubhalisa abahlinzeka amasevisi izinyanga ezingu-36. Lokhu kumele kwenziwe minyaka yonke.
- Injongo ukubhekana nezinhlelo ezithinta kakhulu abasebenzi emazingeni aphansi
- Imikhakha yamasevisi e-EPWP njengo-bricklayer, osonkontileka, abakha unqenqema lomwaqo, njll.

IUkudalula iNqubomgomo ye-EPWP egunyazwe wuMkhandlu, futhi njengengxenywe yamazanga okusebenza yamaHOD, iziMenza zeMinyango kumele zihlonze amaphrojekthi abalulekile adinga abasebenzi bamazinga aphansi azokuba yingxenywe yoHlelo Lokuthuthukiswa Kosonkontileka be-EPWP.

Amanye amazanga kahulumeni noma izinhlelo zoMbuso ezisebenza endaweni kamasipala nazo zingayisebenzisa iDathabhesi yosonkontileka be-EPWP noma yabahlizeka amasevisi esungulwe futhi esingethwe nguMasipala.

Ukucaciswa kwamaphrojekthi nokubheka amathuba nezindawo okungenziwa kuzona umsebenzi ngosonkontileka abasafufusa kanti ukufaka laba osonkontileka emisebenzini emikhulu kumele kube yiwona mkhuba.

Inqubomgomo ye-EPWP idinga ukuba ivuselelwe ukuze ikwazi ukubhekelela igebe elikhona njengasekuthuthukisweni kwentsha, abesifazane nabakhubazekile.

AMA-CPG NOKUQASHA OSONKONTILEKA ABANCANE

Imithethonqubo ebuyekeziwe idinga ukuba izinhlelo zombuso zithole amathenda, uma kungenzeka, azokwazi ukungenisa osonkontileka abancane abangekho ngaphansi kuka 30% wesamba sisonke sezinkontileka ezingaphezu kukaR30 million.

Othole ithenda kumele aqashe osonkontileka abancane ngesamba sethenda esingekho ngaphansi kuka 30% -

- abazoba ngama EME noma ama QSE;
- ama-EME noma amaQSE aphethwe okungenani abantu abamnyama abangu-51% ;
- ama-EME noma amaQSE aphethwe okungenani abantu abamnyama besifazane abangu-51%;
- ama-EME namaQSE which aphethwe okungenani abantu abamnyama abayintsha abangu-51%;
- ama-EME namaQSE which aphethwe okungenani abantu abamnyama abakhubazekile abangu-51%;
- ama-EME namaQSE which aphethwe okungenani abantu abamnyama abahlala emakhaya noma ezindaweni ezazincishwe amathuba abangu-51%;
- ama-cooperatives angu 51% aphethwe ngabamnyama;
- ama-EME namaQSE which aphethwe okungenani abantu abamnyama ababengamashosha asathatha umhlalaphansi abangu-51%; noma
- umkhakha ongaphezu kowodwa walena engasenhla endimeni (a) kuya ku (h).

Noma ngubani obhidela ithenda ongahlangabezani nalezi zidingo uyothathwa njengomelene noguquko ngakho-ke isicelo sakhe sethenda siyohoxiswa.

UMasipala kumele kube nguyena owazisa osonkontileka abakhulu ukuthi iyiphi iCPG okumele bayisebenzise ngokubonisana nabo bonke ababambe iqhaza. Kumele kusetshenziswe lokhu okulandelayo:

- Yidathabhesi esemthethweni yemikhakha yamasevisi anhlobonhlobo
- Ngabahlizeka ngamasevisi emawadini

Lokhu kubhaliswa kwabahlizeka amasevisi kuzosiza ekuhlonzeni abahlizeka amasevisi abathola imisebenzi endaweni kaMasipala waseThekwini nalabo asebewatholile amathuba ngalowo nyaka wezimali. Amaprojekthi enani elilinganiselwa ezigidini ezinhlanu zamarani (R5million) kanye nezigidi engamashumi amathathu (R30million) kumelwe kucaciswe ukuthi u30% weprojekthi kumele uye kosonkontileka abaqashwe ngaphansi kwabanye osonkontileka (sub-contractors). Lokhu akuwona umgomo wethenda kodwa isidingo okumelwe senzeke, kanti uma inkampani yehluleka ukuhlangabezana nalesidingo kuzoba nesijeziso.





UMBIMBI LWAMABHIZINISI NAMA-JOINT VENTURE

Joint venture is "an association of firms of which at least 1 Joint venture "yinhlanganisela yamabhizinisi okumele elinye lawo kube yibhizinisi elisafufusa lapho kuhlangukwa khona ngenhloso yokuthekelelana ngobungoti, izimali, imisebenzi, amakhono nolwazi lokuqhuba izinkontileka". Kosonkontileka abasafufusa baseNingizimu Afrika lokhu kusho ukuthuthukiswa ngokuhlonyiswa ngamakhono ngezinhlelo zentando yeningi, ezibandakanya uwonke wonke nezentuthuko.

Isivumelwano seJoint Venture kumele sibeke ngokucacile:

- Amasheya ngamaphesenti
- Imigomo nemibandela
- Uhlelo lokudluliselwa kwamakhono
- Ukwabiwa nokusatshaliswa komsebenzi owenziwayo

UKUTHUTHUKISWA KOSONKONTILEKA ABANCANE NABAHLINZEKA AMASEVISI ABATHILE EMIKHAKHENI ENGENABO ABAMNYAMA NOMA ENGAMELELIKILE KAHLE KWABAHLINZEKA AMASEVISI

Uma kunezindawo/izinhlelo/ imikhakha yokucathulisa kwezamabhizinisi engenabo abamnyama noma engamelelekile kahle kuyosungulwa amaphaneli osonkontileka abancane baleyo mikhakha.

Osonkontileka abancane baleyo mikhakha abakumaphaneli bathola izinkontileka ngqo kuMasipala waseThekwini ngohlelo lokucathuliswa. Lokhu kuyosebenza kulezi zimo:

- Uma bebancane noma bengekho abahlinzeka amasevisi.
- Kudingeka abahlinzeka izidingo abanezimvume njengokudayisa amaMuvo Cards akhishwa kuphela nguStandard Bank, imishini yokugaya amkhophi yakwaNashua ekhishwa kuphela yiKopano kanjalo namabhathi ahlinzekwa kuphela yinkampani yakwaMercedes, neziphuzo ezihlinzekwa ngabakwa-AIB kuphela.

ABASEBENZI ABANAMAKHONO NABANGENAWO (ABATHATHWA EMAWADINI)

Kumele kube nezingxoxo eWadini ngayinye ngaphambi kokuba kuqale iphrojekthi ukuze kutholakale abasebenzi abanamakhono nabangenawo abazosetshenziswa kuleyo phrojekthi ngokuthi:

- Kubhaliswe bonke abantu abangasebenzi kuleyo ndawo.

Izinhlelo zasemaWadini ngokuhlanganyela nezimemenja zamaPhrojekthi ziyokuba nohlelo nokushintshanisa abasebenzi. Umbhalo weThenda kumele ukubeke ngokucacile ukuthi abasebenzi abangenawo amakhono abangu-100% nalabo abanamakhono abangu-50 % kumele batholakale endaweni.

IZINHLELO ZOKUCATHULISWA ZEMIKHAKHA EHLUKENE

Uhlelo lokucathuliswa lwemikhakha ehlukeni ngolokubhekana nezenzo zobungxiwankulu ezenzekayo emikhakheni ethile.

- Lolu hlelo kumele luqhubekwe izinyanga ezingu 36
- Kube nerejista esemthethweni yabahlinzeka amasevisi
- Uhlelo lokudluliselwa kwamakhono

Kulele kumasipala noma ohlakeni lombuso ukuqinisekisa ukuthi labo abazoba ngosonkontileka abancane kuleyo mikhakha bayahlangabezana nezidingo nemigomo yaleyo mboni futhi bayayilandela imithetho elawulayo yakhona. Angeke nakancane kudelelwe imithetho ebekiwe noma elawula leyo mboni ngenxa yalolu hlelo.

IMIPHILANDAWONYE (CO-OPERATIVES)

Zikhona izinqubo eziqaliwe zokubhekana nama-Co-operatives nezokuhlonda amanye amaphrojekthi.

- AmaCo-op aqokwa ngenxa yokuba nothando kule mikhakha elandelayo;
- Ukusika utshani
- Ukuhlamba izakhiwo zikamasipala
- Ukuhlamba imihosha namapayipi amanzi emvula

IZINDLELA EZIPHAKANYISWAYO ZOKWESEKA NOKUKHULISA AMASMME IKAKHULUKAZI AWENTSHA, ABESIFAZANE NABANTU ABAKHUBAZEKILE

- Ukutholakala kwezindawo zokuboleka izimali
- Isidingo sokuba kube nokuqeqeshwa kwezobuchwepheshe nezokuphatha ngokucathulisana
- Ukwabiwa kwamaphrojekthi ngokukhethekile kumaqoqo abantu athile ukusiza ukuguqula amabhizinisi asafufusa abe ngamakhulu
- Ukuqapha osonkontileka ukuqinisekisa ukuthi kukhethwa kuphela amaqoqo abantu athile
- Ukuba namaphrojekthi athe xaxa abhekiswe kwababuthaka

OKUMELE KULUNGISWE KUKHO

- Ukwenza lula izidingo ezihambisana nokubhida
- Ukwandisa iqhaza elibanjwe ngamabhizinisi amancane ahlinzeka amasevisi
- Ukuxoxisa ezinye izidingo ezihambisana nokubhida
- Ukubhaliswa kosonkontileka/izidingo zokufaneleka
- Izincwadi ezihambisana nokuthengwa kwempahla
- Ukuqapha nokubika ngezinhlelo zokuthuthukiswa kwabantu emabhizinisini
- Ukuqapha nokuqinisekisa amaqophelo aphezulu
- Izinhlelo zokuxazulula imibango

IZIVUMELWANO ZOKUSEBENZISANA

Ukuze zonke lezi zinhlelo ezingasenhla zokuthuthukisa abantu emabhizinisini zisebenze kudingeka ukuba kube nokusebenzisana phakathi kweminyango yakwaSupply Chain Management, Business Support, Skills Development neminyango ekhipha imisebenzi ukuze;

- Kutholakale amaphrojekthi okumele abe neCPG njengengxenywe yohlelo lokuthuthukiswa kwabantu kwezomnotho.
- Kuhlaziye indlela esebezisa ngayo izimali ukuze kutholakale amaphrojekthi noma izinhlelo okumele zihlelelwe ngendlela yokwamukela osonkontileka abancane njengengxenywe yokusimamisa abantu kwezomnotho.
- Kube nomyalelo oyimpoqo wokuthi kuthuthukiswe amakhono abantu futhi kube nezinye izinjongo ezibekwayo zokuthuthukisa umphakathi kwezomnotho uma kungenzeka.

Izinhlelo zosomabhizinisi ezihlelekile ezifana no Durban Chamber of Commerce and Industry, zibambe iqhaza zase zikuqinisekisa ukusebenzisana nohulumeni kulomhlahlandlela. Lokhu kuzokwenzeka ngokuthi kuqhutshekwe nokuthuthukiswa nokufundisa osomabhizinisi ngalomhlahlandlela. Ukuletha ulwazi kosomabhizinisi ngalomhlahlandlela kuzosiza ekutheni kukhule umkhakha wamabhizinisi kanye nendlela yokwenziwa kwebhizinisi noma yokuqashwa kosonkontileka ezokwazi ukusiza wonke umuntu.

ISISOMBULULO

Lolu hlelo ludinga ukuba nendlela yokulubheka ukuze kube nesibalo esidingekayo sababamba iqhaza kuleyo mikhakha yabantu ehlosiwe. Ngakho-ke umasipala kumele uhlinzeke:

- Inkundla engenakho ukwenzelela kubona bonke ababhidela amathenda, kubekwe izinjongo okumele zifezekiswe ekuthuthukiseni umphakathi neminye imigomo okumele ibekwe ngokucacile.
- Izimpawu ezibalulekile eziphathelele nezinjongo zokuthuthukiswa komphakathi kwezomnotho okumele nazo:
 - Zicacise ukuthi kukhulunywa ngani uma kushiwo abantu abawuhlobo oluthile;
 - Zibekwe izinjongo (izimpokophelo), izilinganiso ngokwezimali, okumele kuhlangukshwane nazo ngokuthi kukhulunywe nalabo bantu abahlosiwe ukuze kufezekiswe izinjongo ezibekiwe zokuthuthukiswa kwabo kwezomnotho;
 - Zihlinzeke izimpawu zokulinganisa ukuqinisekisa ukuthi izinjongo zingalinganiswa ngokomthamo futhi zingakwazi ukucutshungulwa ngabacwaningi mabhuku uma sekushaya isikhathi sokuhlolwa kokusebenza kwenkontileka; futhi
 - Zibekwe indlela okumele kufezekiswe ngayo izinjongo ezibekiwe, kanjalo nokuthi bazohlawuliswa kanjani osonkontileka uma kwenzeka behluleka ukuhlangabezana nemigomo ababekelwe yona ngokwezinkontileka.
- Izinhlelo zeMinyango kumele ziqinisekise ukuthi zinezinjongo ezihambisana neNqubomgomo ye-EPWP kuma-IPP azo nakulawo abasebenzi abathintekayo.
- Kumele zikwazi ukubuyekeza isabelomali, ukuhlonza nokuchaza amaphrojekthi azo (aqhubekayo, azokhishwa maduze nalawo asazokhangiswa) ukuthi azifaka kanjani lezi zinhlelo zokuthuthukiswa kwabantu esezibaliwe.
- Kumele zithumele incazelo yokuthi uhlelo lokuthuthukiswa kwabantu kwezomnotho luzohamba kanjani kanti uma zehluleka izinhlelo zazo ziyobuyiselwa emuva.
- Kumele zibike kwaSCM mayelana nezinhlelo zazo zokuthuthukiswa kwabantu kwezomnotho kumaphrojekthi azo (aqhubekayo, azokhishwa maduze nalawo asazokhangiswa)
- Kube nezinxoxo zokubonisana, ngaphakathi nangaphandle komkhandlu.

AMAZINGA AKHONA NJENGAMANE ABEKIWE EMIBHALO YESANAS OKUBHEKA NEZINJONGO ZOKUTHUTHUKISWA KOMPHAKATHI KWEZOMNOTHO

- 1) Ukugxila kakhulu kumabhizinisi alabo abancisheke emathuba
- 2) Uhlelo lwamaJoint Venture (kufakwe abancisheke emathuba)
- 3) Uhlelo lwamaJoint Venture (kufakwe ophathina abahlosiwe)
- 4) Ukusetshenziswa kwabantu bendawo nempahla yendawo
- 5) Ukubonisana nabasebenzi abahlosiwe
- 6) Ukusetshenziswa kwabahlizeka ngamasevisi abaqeqeshiwe abavela ezingxenyeni zomphakathi ezincisheke emathuba